

ISIGCONO NGENXA YELIZWI



Ngiyabonga, Mfowethu Neville. [UMfowethu Neville uthi, "Ameni."—Mhl.]

Ngithe kuMfowethu Neville, "Uqinisile awula gcobo oluncinyane lokhu kusa na?"

² Ngehlile ukuzokhulekela abagulayo. Kade kulabanye abantu akade bebuthene kulokho esiku...okwangeSonto ekuseni. Lokho okumele ngikubambe lapho, ngibe labo nje babuye lapha ebandleni. Futhi ngi—ngihlezi ngicabanga ukuthi kungcono ukukhulekela abagulayo lapha ebandleni. Angikwazi. Ngiyalithanda ibandla, futhi lokubuya phansi lapha lapho ibandla, abantu phandle lapha bekhuleka.

³ Futhi kwakulenkazana encinyane ngemuva lapho, inkazana encinyane enhle kakhulu, ngani, ngicabanga uhlezi kwenye indawo phandle lapha khathesi, nxa abantu bengahambanga ngekhaya. O, ngiyabona manje. Futhi leyo yinto enhle kakhulu. Futhi yena uyagula kakhulu. Futhi besilalele, lapho sisizwa umbiko wendimi lokuchasiswa uqhubeka. Futhi sasilalele, futhi sacabanga ukuthi sazwisisa ukuthi enye into yakhulunywa ngenkazana encinyane. Futhi sasilindele ukubona uba iNkosi yapha umbiko, lokho okokutsho phakathi lapho. Kodwa ngicabanga ukuthi intombazana encane ikahle manje, futhi izakusila. Futhi-ke . . .

⁴ Futhi kwakulekhosikazi elalilahlekelwe yikubona kwalo, njalo, futhi sasilikhulekela. Futhi omunye umuntu phakathi kwe ambulensi phandle lapho, umtshumayeli. Angicabangi indoda yayingaba ngamaphawundi angamatshumi amathathu—lanhlanu, kumbe amatshumi amane. Nje—nje kakhulu, kakhulu . . . Futhi-ke ngehla ngahamba ukuyabakhulekela.

⁵ Futhi isizatho kade ngingani ngiyathikaza, kakhulu, ukugqitshwa kuphumile ezinyweni lami. Futhi ngizitshayela ukhwelo, lokhu kusa, kuleyo ndawo phakathi kwezinyo lami lapho, phambili lapho. Futhi bayangitshela manje ukuthi kumele ngiwakhuphe, futhi izisibekelo zifakwe phezu kwawo. Futhi-ke ukuluphala lokhu kuyanyenela nje, yiyo into engiyaziyo kuphela. Futhi ngaba lokugqitshwa kulelo, futhi kwangathi yingxenye yalo, futhi lapho ngiqalisa ukukhuluma, uyakuzwa khona, umoya ungathi ufuqela phandle, li—liyazi lokho engikutshoyo, phandle ezindebeni zakho. Futhi kuyakwenza ingathi uyatsahaza, kanjalo.

⁶ Singabantu abanikezwe ithuba sibili ukuba siphile lokhu kusa, lokuthi senelise ukubuya ebandleni. Futhi kuleli langa eliphambi kweKhisimusi, belindele ukugubha umkhosi abalawo, lowo, engi—engithemba ukuthi ngi . . . Kulabantwana

abanengi lapha lokhu kusa, ngakho ngizakuzithulela nje. Bona? Futhi thina abadala, kwezinye izikhathi, sikhuluma izinto lezo abantwana okungafanelanga bazizwe lakanye, liyazi.

⁷ Kodwa, ngicabanga ukuthi ibandla lilesipho esincinyane lapha esabantwana abancinyane, emva kwesikhathshana. Bengikukhangelisisa nje khona, emuva lapho. O, lifuna ukuhlala. Emva kwesikolo seSonto, libe lokhu libambebelele nje, bona, ngoba ngi—ngicabanga ukuthi balezipho emuva lapho ezabafo abancinyane, ukuzinikeza lokhu kusa. Futhi lapho ngi . . . Lina bafo abancinyane, khumbulani, lapho sisenza lokhu, ngifuna ukwenza lokhu kubesobala, akasuye uSanta Claus, ngoba leyo yindaba elizayifunda ngolunye usuku ukuthi akula lutho kiyo. Kodwa kuvela kuJesu Khristu, iQiniso lamaQiniso wonke, liyabona, iNdodana kaNkulunkulu. Futhi siyalinika lesi siphopho esincinyane, lokhu kusa, ngoba silenza libekwazi ukuthi ngesinye isikhathi uNkulunkulu wapha isiphopho esikhulu kakhulu esasingaphiwa kusendo lwabantu: INdodana Yakhe. Futhi silendlela ehawulisayo, ukukutshengisa. Futhi akulalutho esingalunikeza ukufananisa lalokho. Kodwa njengabafayo, omunye komunye, siyakwenza lokho.

⁸ Manje, kade ngizakuma kuze kufike isonto elandelayo. Futhi mhlawumbe ngizakwenza, kungenani, phezu kwenye into ekade ngifuna ukuyikhuluma. Futhi enye into isi—isiyazisiwe kithi, phezulu ekhaya, ngombono, lowo okufanele ngiwulandele. Futhi kungathi . . . kungathi, kukhangeleka, kuzaba ngathi kulukhuni, kodwa asifuni vele ukucabanga ukuthi lokho uNkulunkulu akutshoyo kulukhuni. I—imithwalo Yakhe ilula.

⁹ Futhi kuyikuthi iSonto elandelayo, uNkulunkulu ethanda, sizakuba le—lenkonzo lapha lokho kuzakuba kungakafiki olungaPhambi koMnyaka oMutsha, uba iNkosi ithokoza ngathi ukuba lalinkonzo. Futhi sifuna ukuba lenkonzo yekuseni, ukukhulekela abagulayo, futhi mhlawumbe inkonzo yobhaphathizo. Khona-ke ngacabanga, sazise phandle kubangane bethu, ukuze babuye bazongena. Khona-ke sizakuba leSonto ekuseni langeSonto ntambama. Futhi-ke abantu bafuna ukumelela uMnyaka oMutsha, khona-ke sile . . . Siza kuba loMlindelo, lesi sikhathi? [UMfowethu Neville uthi, “Yebo.”—Mhl.]

¹⁰ Kuzabe kulabatshumayeli abanengi lapha, abazabe bekhuluma ngobusuku boMnyaka oMutsha, beqhubeke kuze kufike phakathi laphakathi kobusuku. Futhi—futhi siyanxusa abatshumayeli abanjalo ukuthi babuye futhi bezokhuluma. INkosi ivuma, ngifuna ukuba ngomunye wabo ololutho lokukhuluma ngobusuku boMnyaka oMutsha.

¹¹ Futhi-ke ngeSonto elandelayo, ngacabanga ukuthi ngiza letha udwendwe lwezinto ezenziwayo, lezenziweyo, ukutshengisa ukuthi uNkulunkulu usebenza njani labantu

Bakhe, futhi sikulethe phezulu e—endaweni lapho okuvuthwa khona indaba lapha ebandleni.

¹² Futhi abanengi benu bayamangala ngendaba yentela ebesidlula kiyi. Isilungisiwe. Futhi-ke ngifuna ukulitshela ukuthi lokho kwenzakala njani, njalo. Futhi ngiyacabanga, kuzakuba, kumele ngiphinde ngikukhulume njalo futhi, ngeSonto elandelayo, ngakho ngizakuma nje kuze kube yiSonto elandelayo. Futhi ngizame ukukhuluma kini kancinyane, lokhu kusa, eLizwini. Bona? Futhi ngeSonto elandelayo, ngiza—ngizazama uku, nxa uNkulunkulu ethanda, ukulitshela ukuthi konke kwaqala njani, futhi ngilethe kini izinto ngazinye iNkosi eyazitshoyi, futhi sikukhangele kutshaya khona kanye endaweni yakho, kubekwe khona kanye nje endaweni. Bona? Akakhulumi lutho olungayisilo.

¹³ Kodwa, manje, into eyodwa engifisa ukuyikhuluma lokhu kusa, leyo mhlawumbe engingasoze, angisoze ngeSonto elandelayo, kumayelana ngento eyenzakale izolo. Kade ngithikaza ekubuyeni kulokhu kusa, ngoba bengingani ngidabukile sibili, ukuze kuthi ngi—ngingazizwa kangako njengakho. Kodwa kuyikuba ngilapha, yebo-ke, ngizazama okukhulu lokho engingakwenelisa.

¹⁴ Kuthange ebusuku, ngangilezethekeli, uMfowethu loDadewethu Sothmann, njengoba sisazi lapha, omunye wabaphathi bebandla, lomkakhe, babuya ukuzovakatshela umkami lami. Futhi sasikhuluma ngemihlangano ebuyayo ePhoenix layonke indawo, nxa kuyikuthanda kweNkosi. Futhi sasikhangele kwaze kwafika phose ihola letshumi-lengxenyi, ngiyathemba, futhi ngahamba ukuyalala sekungaba phose ngehola letshumi lanye.

¹⁵ Futhi ngesinye isikhathi ebusuku, ngaphupha iphupho. Futhi kuleli phupho ngabona omunye umuntu okwafanele ukuba ngubaba wami; enkulu, inkalakatha yendoda, ifanisa nje, ngikhuluma ngokomzekeliso, ubaba wami. Ngabona owesifazana, wayengakhangeleki njengomama wami; kodwa, kunjalo, wayefanele abe ngumama wami. Futhi indoda leyi (wayefanele ukuthi abe njengobaba, indoda yowesifazana lowu) kade emhlukuluza, okokuthi wayelogodo olukhulu, futhi wayembamba *kanje* njalo amtshaye ngalolo godo, futhi wayesiwa futhi aye phansi. Futhi-ke—futhi-ke, emva kwesikhatshana, wayephinda avuke njalo. Futhi wayehamba ngalapho, enze umzamo ukumtshaya futhi, wayemtshaya futhi. Futhi ngangimile okulibanganyana, ngikubukele.

¹⁶ Ekucineni, ngadinwa ngakho. Futhi ngangimncinyane kulaleyindoda, owayefanele ukuba njengobaba wami. Ngakho ngeza kuye futhi ngafaka umunwe wami ebusweni bakhe. Ngathi, “Ungamtshayi futhi.” Bona? Futhi lapho ngikwenza, enye into yaqala ukwenzakala. Ingalo zami zaqala ukudikiza,

futhi ngakhula, imisipha emikhulu elamandla. Angikaze ngibone imisipha enjalo. Futhi ngabamba indoda ngekhola, futhi ngathi, “Ungamtshayi futhi. Nxa ukwenza, uzamele uqedelane lami nxa umtshaya futhi.” Futhi lendoda yaba lokungesaba, futhi yayisimtshiya. Ngaphaphama.

¹⁷ Awu, ngilele lapho, ngesikhatshana nje, ngoba, ukuchasiswa kwalokho kwabuya. Lokho kwakuyi, kusobala, owesifazana, ngikhuluma ngomzekeliso, liBandla, elisamama. Ubaba yinhlanganiso yesonto ephezu kwakhe, ebusa phezu kweBandla, njengendoda phezu komfazi. Futhi yilezi inhlanganiso zamasonto zitshaya lelo Bandla, futhi abaMvumeli esima ngenyawo Zakhe njengalokho. Nje, isikhathi sonke Uyazama ukuvuka kumbe ukwenza enye into, baya, abantu phakathi lapho, inhlanganiso yesonto iyaMtshayelela phansi. Futhi kutsho nje ukufaka eminye—eminye imisipha yokholo lapha ukuze ngibe ngilokhu ngikhomba umunwe wami phandle lapho, futhi ngisithi, “Usuqedelana lami. Bona?” Ngoba, kulabanye abantu phakathi lapho abangabakaNkulunkulu. Futhi lokho kwakulungile. Mayelana . . .

¹⁸ Sasesivukile phose amahola amabili, kumbe amathathu, ngiyethemba. Futhi indodakazi yami, omunye wabo, uRebekah, emuva-le, usebenza esibhedlela seMethodisti eLouisville. Yi, o, leso similo salowo oqala ukufundela ukuba ngumongikazi. Kunga “bancedisi bakamongikazi,” bababiza njalo, kumbe enye into enjengaleyo. Futhi waye, yena . . . Bamfonela ukuthi abuye khona kulokho kusa, futhi lokho yikho okwangivusayo. Futhi kwakusasekuseni kakhulu, futhi yena, elomunye afunda laye esikolo lapha, ba—basebenza bonke lapho, futhi ngangiza kubahambisa eLouisville. Kwakumele babelapho ngehola letshumi nta. Futhi unkosikazi wamangala ukuthi kungani wayengenelisi ukungena ekamelweni lokulala. Ngangilikhuyile.

¹⁹ Manje, ngibelezinto ezinengi ezenzakeleyo empilweni yami, kodwa angizange ngibelento enjengaleyo. Ngangena ebuthongweni. Angiyazi ingcazelo. Angikaze ngibe lento enjengaleyo empilweni yami. Kodwa, phambi kwami, kwakukhangeleka ukuthi ngananzelela ukuthi kwakungumbono, futhi ngangisembonweni. Kodwa ngangikhuluma lendodana yami uJoseph. Lowo, owayengekho ekamelweni ngaleso sikhathi. Kodwa ngezinye indlela, lapho nje kungitshaya, ngangikhuluma kuJoseph.

²⁰ Futhi nga—ngakhangela phezulu. Futhi kwakungazathi yisimo sephiramidi, imi phambi kwami, kwakungezi ncinyane, inyoni ezincane, enye into eyingxenye ye-intshi ubude. Futhi zazi, phezulu esiqongweni, ezingatsheni, kwakule . . . ngingathi, okuthathu kumbe okune. Khona-ke, okulandelayo, ugatsha olulandelayo lwalule mhlawumbe isificaminwemibili kumbe itshumi. Futhi phansi ekucineni, kwakuletshumi lanhlanu kumbe amatshumi amabili.

²¹ Futhi zazingamaqhawe amancane, ngoba insiba zazo zaziphundlekile, futhi zakhangeleka sengathi zazifuna ukukhuluma lami, zikhuluma olunye ulutho. Futhi ngangiseNtshonalanga, okungathi ngise Tucson, Arizona. Futhi inyoni zazikhangele eMpumalanga. Futhi ngangilalelisise kakhulu. Zizama ukuthi, kukhangeleka sengathi zazizama ukungitshela olunye ulutho. Futhi zazilensiba ezincinyane, ziphundlekile zonke, lezinto. Zazilamanxeba empi kakhulu sibili. Khona-ke, kungananzelelwe, inyoni eyodwa yaqala ukuthatha indawo yeyinye, ziseqa njengalokho. Futhi zona, inyoni ezincinyane zasuka ngesiqubu, ziphaphela empumalanga.

²² Futhi lapho sezikwenzile, kusukela lapho kwabuya inyoni enkulu, sengathi ngamajuba, zilempiko ezicijileyo. Futhi—futhi—futhi zabuya zingumtshitshi, futhi ngesiphangi, ngesiqubu esikhulu kulalokho inyoni ezincinyane ezaziyikho, zaphaphela empumalanga.

²³ Futhi mina ngilokhu ngikweyami...izazela zombili ndawonye, ngazi ukuthi ngangime lapha, futhi ngazi ukuthi ngangikwenye indawo. Bona? Futhi ngacabanga, “Manje, lowu ngumbono, futhi kufanele ngifunde ukuthi lokhu kutshoni.”

²⁴ Futhi kungakedluli elesibili iqembu lenyoni elabuyayo, ngakhangele eNtshonalanga. Futhi kwakhangeleka esimweni sephiramidi, sengathi ezimbili kuhlangothi ngalunye, leyodwa phezulu, kwabuya ezinhlano iNgilosi ezilamandla engangingakaze ngizibone empilweni yami. Isiqubu esesabekayo kanjalo, engingakaze ngisibone. Amakhanda azo emuva, futhi lempiko Zazo ezicijileyo, ziphapha ngokuphangisa nje! Futhi amandla kaSomandla uNkulunkulu angitshaya, ngendlela yokuthi, aze angiphakamisa kusuka emhlabathini, yonke indlela kusukela phansi, kusiya phezulu.

Ngangisizwa uJoseph elokhu ekhuluma.

²⁵ Futhi kwakuzwakala ngathi yisivimbo somdumo uqhamuka, ukuthi—ukuthi ukuduma okukhulu kwenzakala, emangweni, usiya eNingizimu. Futhi lapho ngiphakanyiswa... futhi lapho kwaba lesiqubu esesabekayo seNgilosi! Futhi ngi—ngiyaZibona nje khona khathesi, bona, lapho—lapho Zisiza, kuleso simo njenga *lokho*, zigimela ngakimi.

²⁶ Manje, ngingaphuphi, khathesi. Hatshi. Ngangi khona lapho, ngiphapheme njengoba nginje khathesi. Bona?

²⁷ Kodwa nanko Kusiza. Futhi zazilesiqubu esesabekayo, ngaze ngacabanga, lapho Kuphakamisa... Ngezwa ukudubuka lokho, sengathi, kumbe njengomdumo owaphumayo, njenge sivimbo somdumo. Futhi lapho kukwenza, ngacabanga, “Awu, lokhu kungabe kusitsho ukuthi ngilungiselela ukubulawa, bona, ekudubukeni okuthile.” Futhi—futhi nje nga... Lapho ngisacabanga ngalezo zinto, ngacabanga, “Hatshi, bekungasoze

kube yilokho. Ngoba, nxa kwakungumdumo, kwakuzakube kufike kuJoseph, laye. Ngoba, nango lapho, lokhu ekhuluma, ecabanga ukuthi ngilapho. Ngiyamuzwa. Kwakungasikho lokho.”

²⁸ Manje, lokhu konke kulokhu kusembonweni. Kwakungesikho. . . Bona? Kwakusembonweni.

²⁹ Futhi-ke, konke kanye, lapho nginanzelela ukuthi ngasengi. . . Zazingigombolozele. Ngangingenelisi ukuZibona, kodwa ngangilethwe exukwini lephiramidi Yazo, phakathi kwalelixuku le—leNgilosi, ezinhlanu. Futhi ngacabanga, “Manje, iNgilosi yokufa ingaba yinye. Okuhlanu kungaba ngumusa.” Ngangicabanga lokho. Ngacabanga, “O! Ku—kubuya loMbiko wami. Lowo ngunomphelela wami wesibili. Ziyeza ukungilethela uMbiko ovela eNkosini.” Futhi ngaklabalala ngamandla ami onke, kakhulu njengangakwenelisa, “O, Jesu, kuyini Ongabe ufuna ukuthi ngikwenze?” Futhi lapho ngikwenza, nje kwa—kwasuka kimi nje.

³⁰ A—a—angikezwa kuhle nje, kusukela lapho. Bona? Nganginjalo, usuku lonke izolo, ngenza ukuhlala endlini, phose ngizizwa ngingeyisimi. Angikwanisi ukwenza ingqondo yami ihlaliseke. Futhi inkazimulo lamandla eNkosi! Ngaba lenkantsho ndawo yonke, lapho kungitshiya. Ngangizama ukuhlikihla izandla zami. Futhi ngacabanga, “Angikwanisi ukubamba ukuphefumula kwami.” Futhi ngahamba hamba lapho, futhi ngasesibuyeni, futhi emuva laphambili. Ngacabanga, “Kutshoni, Nkosi? Kutshoni?” Khona-ke, ngasengisima. Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, inceku yakho i. . . a—angikuzwisisi nje. Ngani? Kwakuyini lokho? Kwenze kwazakale, Nkosi.” Awu, lapho i. . .

³¹ Angeke ngilitshela mayelana, lapho ngisithi, “Amandla eNkosi.” Akula ndlela yokuchasisa lokho. Akusikho lokho okuzwayo lapha, ezibusisweni. Lezo yizibusiso zeNkosi. Lokhu kungcwele! O, minabo! Ku—kudlula loba yini umuntu ofayo angakucabanga. Bona? Futhi ku—futhi kwakungikhathaza, kabi sibili. Aku. . . Akusiso sibusiso. Kuyakhathaza. Uyakhathazeka. Bona? Ukuthi kuyikho. Nxa kuphela unga. . .

³² Nxa kuphela ngingathola indlela engingatshela ngayo abantu ukuthi lokho kwakuyini, kumbe lokho okwaku. . . ukuthi umuzwa wakho wawunjani! Aku, akufani lokuhlala lapha nje, ufuna ukuthokoza. Ku—kungeyinye into okokuthi umthambo wonke okuwe nje. . . kwedlula ukwesaba. Kudlula ukwesaba. Yikuhlonipha okungcwele. Okwe. . . Ngi. . . akulandlela yokuchasisa. Loba, kuze kuthi, umhlane wami wonke, phezulu laphansi komgogodla wami, ngaseminweni yami, phezulu laphansi enyaweni zami lasemazwaneni, umzimba wami wonke wawubanjwe yinkantsho, bona, sengathi usuke—usuke phandle komhlaba, kwenye indawo. Futhi—futhi

kwakungitshiya, kancane kancane, futhi ngathi e—eNkosini, “Unga Ngenza ngibekwazi nje, O, Nkulunkulu?”

³³ Ngiyathemba, ukuthi, okuseduze sibili okwabuyayo ukuba lamandla njalo, kulapho ngiseZurich, Switzerland, lesi sikhathi lapho Engitshengisa leyo Ngqungqulu yeGerman ikhangele lowo mgadi webhiza wesiNgisi ebuya esehla ngaseAfrika. Futhi Wathi, “Bonke bonile futhi basilele inkazimulo.”

³⁴ Futhi ngangikhala eNkosini, ukuthi ingisize. Futhi ngi—ngifuna Angiphe ingcazelo, ngoba ngangingazi ukuba kwakusitsho—ukuba kwakusitsho ukuthi ngasengizahamba, ngangizakubulawa. Futhi nxa kwakuyikho, ngangingasozwe ngikhulume lutho emulini ngakho. Yisikhathi sami sokuya eKhaya, ngani, ngizakuya nje eKhaya, yikho kuphela ngakho. Kodwa nxa—nxa lokho kwakuyikho okukutshoyo, ngangingafuni ukutshela imuli, ngangingafuni ukuthi babekwazi ulutho ngakho. Kuyekele nje kwenziwe, futhi lokho—lokho kuzakuba yikho konke.

³⁵ Ngathi, “Nkosi, ngisize. Angifuni ukutshela imuli, nxa—nxa Wena u . . . Lokhu, yikubizwa kwami eKhaya, awu, ngiza kuba—ngiza kuba ngihamba.” Liyabona. Ngathi . . . Futhi, liyazi, li . . .

³⁶ Uthi, “Awu, kungani ungacabanganga ngalokho okukhulumileyo embonweni, lokho umbono okukhulumileyo?”

³⁷ Kodwa awungeke ucabange izinto ezinjalo-ke. Wena . . . Angingeke, kungenani. Futhi ngacabanga . . . Ngangikhathazekile nje, ngiphazamisekile. Awukwazi ukuthi ucabange njani. Awenelisi ukucabanga.

³⁸ Futhi ngathi, “Baba oseZulwini, nxa lokho kwakusitsho ukuthi—ukuthi ukudubuka kwakuzangithatha, awu, mangibekwazi khathesi, ukuze ngingatsho lutho ngakho. Makuthi inkazimulo Yakho lamandla kubuye phezu kwami njalo, kungiphakamisele phezu njalo. Kumbi, makuthi inkazimulo Yakho ibuye phezu kwami, futhi-ke ngiza—ngiza kuba kwazi-ke ukuthi kwakusitsho—kwakusitsho lokho, futhi-ke ngizazigcinela.” Futhi akulanto eyenzakalayo.

³⁹ Ngakho-ke ngathi, “Khona-ke, Nkosi, nxa bekusitsho ukuthi Uzathumela iziThunywa zakho kulowumsebenzi engiwuthunyelweyo, khona-ke makuthi amandla Akho abuye njalo.” Kwangani kwangikhuphela phandle kwekamelo!

⁴⁰ Loba, ngi—ngiqaqabukile, leBhayibhili lami esandleni sami, khona-ke, bona, futhi ngicela uNkulunkulu ukuthi angisize. Futhi lapho ngikwenza, Wa—Wangitshengisa enye into eMbhaweni, eyayihambelana lakho, khonalapho. Futhi ngacabanga, “Lokho kungaba yilokho sibili? Ngikwenze njani lokho?” Futhi, o, a—angeke ngichasise lezi zinto, bakwethu. Kudlula loba yini engazi ngayo. Bona?

⁴¹ Umkami ngowesifazana ongejwayelekanga sibili; omunye wabedlula bonke emhlabeni. Kodwa, okwesikhatshana, angikhulumanga lutho ngakho. Ngaqhubeka. Wabakwazi ukuthi kulento eyenzakeleyo. Ngakho lapho ngimtshela, wathi, “Uyazi, Bill, ngiyakubona futhi ngiyakuzwa, ezintweni lezo ezinengi.” Ngathi, “Uyazi ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke,” watsho. Wathi, “Kodwa lokho bekuleny into.”

⁴² Kukhangeleka nje, kuyanginyikinya nje, ukudubuka lokho futhi lokuza ngesiphangi kweNgilosilazi lezo njengalokho, ezinhlano zazo ndawonye, e—exukwini Lazo. Sengathi, okungazathi—njengaleyo phiramidi engangilayo idwetshiwe lapho, bona. Zazikhangeleka ukuba njalo, khona kuqala, Zazikhangeleka njenge, engazathi. . . zikude, Zazikhangeleka sengathi lubala lwamajuba. Futhi zazi—zasisiza zivela *kulindlela*. Futhi zazi, zikhangeleka angathi, eyodwa, eyesibili; eyesithathu, eyesine; futhi-ke eyodwa khona phezulu, bona, zisibanhlano. Futhi zabuya ngesiqubu esingaka! Akulalutho, akulamajethi, akula olunye ulutho olunga olungafananiswa *lalokho*.

⁴³ Futhi ngiyaZibona nje, futhi lamakhanda Azo angathi atshibilikele emaceleni. Lezo mpiko zazicijele emuva, zihlomile ngokugcweleyo, futhi nanzi Zisiza, kanje “Whew!” Njengalokho. Zehla nje phansi, futhi zangithatha zangisa kuliphiramidi yexuku Lazo. Ngabona ngangingasekho, phansi. Ngacabanga mhlawumbe. . . Ngezwa, khonale ekudeni, lowomdumo, “Whoom!” Njenge—nge—ngendizamtshina lapho ichapha isivimbo somdumo, lake lakuzwa kusenzakala njengalokho, njengomdumo osekudeni.

⁴⁴ Ngacabanga, “Lokhu kungatsho khathesi, lapho khathesi umbono lowu ungitshiya, ukuthi ngizabulawa ngumdumo kumbe olunye ulutho.” Ngacabanga, “Nangu mina ngilapha. Ngiphakanyiselwe phezulu. Ngi. . . Zi, Zikhona lapha kwenye indawo. Ngi—ngiku lokhu, liphiramidi yeziNgilosilazi lapha. Kodwa, a—angikwazi. Mhlawumbe iNkosi iza ukuzongithatha ngiye eKhaya.”

Khona-ke ngasengisizwa uJoseph phansi lapho, esithi, “Baba?”

Ngacabanga, “Hatshi, nxa lokho kuyikho, kwakuzabe kumthethe, laye.”

⁴⁵ Khona-ke Enye into yasisithi, “Uya. . .” Khumbula, ngilindele, ngikhangele uMbiko engangihlezi ngiwukhangelele, enye into.

⁴⁶ Futhi umbono, ngolunye usuku, liyazi, njengalokho engabalakho lapha kungasi kude, ungitshela ngalokho okwakuzakwenzakala; ukuthi ngangitshumayela njani phakathi, kusukela elangeni, kungena kulindawo. Futhi—futhi-ke Wathi, “Manje khumbulani, unomphelo wesibili usuzabuya.”

Ngacabanga, “Kuzakuba loMbiko.”

47 Khumbulani uMbiko wami lapha? Ukuvulwa kwalelo litshe eliyisihloko, lapho, lawo mazwi ayisikhombisa lezimpawu okungabhalwanga ngitsho eLizwini likaNkulunkulu. Khumbula? Futhi kwangisa phakathi kwaleyo phiramidi.

48 Futhi Junie Jackson, nxa ulapha, lelo phupho owanginika lona kungasi kude. Angisoze ngilikhulume kulokhu kusa. Wawu. . . UNkulunkulu wayephelele kakhulu. Futhi lingixolele ngokungaliphi ingcazelo; ngoba, ngabona enye into ihamba.

J. T., into efanayo, bona. Futhi be—be—bengikwazi lokho.

Futhi uDadewethu Collins, khona kanye okufanayo. Bona?

Futhi ayisithupha alawo, ekhokhelela entweni efanayo.

49 Futhi-ke umbono engalitshela wona lina lonke, iminyaka edluleyo, wenzakele nje ngolunye usuku. Bona? Lokho kwakuzakwenzakala.

50 Futhi nanko kulapho, kulele lapho, into yonke ilele lapho. Kungenye into nje ehambayo. Angikwazi ukuthi kuyini. Nkulunkulu ngisize; umkhuleko wami.

Kasikhulekeni.

51 Baba oseZulwini, si—singabafayo nje, futhi lapha simile lokhu kusa. Futhi, Nkosi, ngi. . . Wangithuma ukuzokhokhela umhlambi lo omncinyane lebandla leli. Futhi ngisekupheleni kwami. Angikwazi ukuthi yiphi indlela, kuyini, ngaphi, okuzayo. Kodwa ngazi linto eyodwa, ukuthi, Wena wathi Uzakwenza “into yonke isebenzele ndawonye kokuhle kubo labo” abaKuthandayo lababiziweyo ngokwenjongo Yakho. NgiyaKucela, Nkulunkulu, ukuthi isandla Sakho esikhulu sesihawu sizakuba phezu kwethu.

52 Siyakwazi ngeqiniso ukuthi Wena unguNkulunkulu. Futhi siyakwazi ukuthi Wena awusuwe owaphila ensukwini ezedluleyo, kodwa Usaphila njalo lalamuhla. Wawuhlezi unguNkulunkulu. Uzahlala unguNkulunkulu. Wawungu Nkulunkulu isikhathi singakabi khona, futhi Uzakuba unguNkulunkulu lapho kungasela sikhathi. Uzakuba ulokhu unguNkulunkulu.

53 Futhi sisezandleni Zakho, Nkosi. Siludaka nje, futhi Wena UnguMbumbi, uMbumbi. Bumba impilo zethu, Nkosi, ngendlela ezathola umsebenzi omkhulu okuKuhlonipha. Siphe khona, Baba. Sisezandleni zakho nje.

54 Sasingelandlela yokuziletha lapha, kumbe asikwazi ukuthi sizaphuma njani phandle. INkosi, Wasipha impilo, futhi Ule. . . Siyanikeza impilo zethu Kuwe njalo, futhi, kokunjalo, Usiphile, ngokuntshintshana, iMpilo elaPhakade. Ukholo lwethu luphefumula lokho khona kanye ebuntwini bethu. Futhi siyaKuthanda ngenxa yalokhu, ngoba siyakwazi ukuthi

ngolunye usuku sizakuKubona, futhi Uzakuba usenkazimuleni Yakho. Futhi sizakhangela ngaKuye. Futhi silangazelela ukuzwa lawo mazwi, “Kwenziwa kuhle, nceku yami enhle lethembekileyo. Ngena entokozweni zeNkosi, ezalungiselwa wena kusukela ekusekelweni komhlaba.” Kuze kube yilesi sikhathi, O, Nkulunkulu, lapho sonke sihlangana, sikhokhele.

Sizinceku Zakho, futhi sicela ukuthethelelwa kwezono zethu.

⁵⁵ Leyi imbono elamandla, Nkosi, minengi kakhulu encekwini Yakho. Kangazi ukuthi ngenzeni. Ngi—ngiyazi nje ukuthi iyabuya. Futhi ngikhuluma kuphela lokho engikubonileyo, lalokho okwakhulunywayo. Futhi kwezinye izikhathi kuyangethusa, Nkosi. Futhi anga—angazi ukuthi ngenzeni.

⁵⁶ Khona-ke ngiyathatha iBhayibhili futhi ngibale phakathi lapho ukuthi uIsaya angabe wezwa njani lolosuku ethempelini, lapho ebona lezo Ngilosi, impiko ziphezu kwenyawo Zazo. Akumangalisi wamemeza, “Maye kimi! ngoba amehlo ami abone inkazimulo yeNkosi.”

⁵⁷ Futhi kwakulapho-ke umprofethi wamemeza: emva kokuba esehlaniwe ethempelini, lapho iNgilosi ize ithathe izindlawu futhi yathatha ilahle loMlilo futhi yalibeka phezu kwendebe zakhe; ngemuva esevumile ukuthi wayeyindoda elendebe ezigcolileyo, futhi ephila kanye le, phakathi kwabantu abangcolileyo. Kukanti, wayengumprofethi. INgilosi yathatha indlawu futhi yafaka ilahle loMlilo phezu kwendebe zakhe futhi yamhlaza, futhi yathi, “Khathesi hamba, uyeprofetha.”

Nkosi Nkulunkulu, uIsaya wamemeza, “Nangu mina ngilapha, Nkosi. Ngithume.”

⁵⁸ Lapho, Esithi, “Ngubani ozasihambela?” Kuleso sizukulwane esibi lesifebayo!

⁵⁹ O, Nkulunkulu makuphinde njalo. Makubuye njalo, O, Nkosi. Thumela uMoya oNgcwele kanye loMlilo wokuhlaza. Ngoba, ngiyavuma, ngiyindebe ezingcolileyo, futhi ngihlala kulumhlaba lapha kanye labantu abangcolileyo. Futhi singcolile emehlweni Akho, Nkosi. Kodwa, o, thumela amandla okuhlaza, uMoya oNgcwele! Sihlanze, O, Nkosi. Hlanza inceku Yakho, Nkosi.

⁶⁰ Futhi-ke khuluma, Nkosi. Inceku yakho ilalele. Ngilangazelela ukuzwa lelo Lizwi. Ngingo Wakho. Ngisebenzise, Nkosi, njengo kuba Ubona kufanele, lapho ngizibeka elathini Lakho. UMoya oNgcwele makangihlanze, Nkosi; futhi ugcoke njalo uthumele, Nkosi, nxa ufuna ukuthi omunye umuntu ahambe, nxa leli kulihola futhi lesi kuyisikhathi.

⁶¹ A—angikwazi, Nkosi. Ngi—ngikwazi kuphela ukuthi ngibone lezo Ngilosi. Futhi Uyazazi zona lezo zinto ukuba yilo kanye

iQiniso. Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, “Maye kimi,” ngakho ngisize.

⁶² Futhi khathesi busisa abantu laba. Njalo silapha lamuhla, phambi nje kosuku olwandulela isikhathi somgubho wokuzalwa kweNkosi yethu. Siyakhuleka ukuthi Uzakusisiza.

⁶³ Futhi lokhu kusa, inceku yakho, uMfowethu Neville, uzwe ukuthi mhlawumbe kungaba yisikhathi sokuthi aphumule kancinyane nje okwesikhatshana esincane, futhi mhlawumbe kumele ngikhulume. Futhi ngi—ngiyakhuleka ukuthi Uzakungisiza khathesi.

⁶⁴ Kulalabo lapha, Nkosi, futhi lathi sonke, silesidingo Kuwe. Ngakho siyakhuleka khathesi ukuthi Uzasibusisa lapho sibala iLizwi Lakho futhi sizindla okwesikhatshana esincinyane. Makuthi uMoya Wakho ubuye phezu kwethu, Nkosi. Futhi usihlanze njalo usibeke eMlilweni, ngoMoya oNgcwele, ngoMbiko kaNkulunkulu, umutsha uvela elathini, ukunyikinya umhlaba ofayo, ngaphambi kokusondela kukaNkulunkulu olaPhakade omkhulu. Ngoba siyakucela eBizweni likaJesu, iNdodana Yakhe ethandekayo, loMsindisi wethu. Amen.

⁶⁵ Manje ngifisa ukuba likhangele komunye uMbhalo lapha, lama nothi amalutshwane, lawo engiwabhale phansi.

⁶⁶ Futhi ngiyakholwa, uDok, kumbe uBilly, kumbe omunye wabo ungitshelile, labo abafuna ukuphangisa ukuphuma, ngenxa yabantwana. Balezipho zabo.

⁶⁷ Lina bafo abancinyane elisanda nje kuphuma esikolo seSonto senu, lina—lina hlalani nje khonalapho, okwesikhatshanyana nje. Esikukhulumayo kusukela lapha kungabe kujulile kini, kodwa lina—kodwa lina hlalani nje kanye lomama lopapa, okwemizuzu emilutshwana. Ngifuna ukukhuluma labo.

⁶⁸ Manje, khona kuMahubo, iHubo 89, ngifuna ukubala indima kumbe ezimbili, zeHubo 89th. Ngizazama ukubala eyesi 50, 51, lendima 52 yamaHubo 89.

⁶⁹ Manje, liyezwa na khonale emuva-le ngemuva, kulungile? Nxa likwanisa, phakamisani izandla zenu. Ngakho ngi... Yiphi... Wonke amamayikhi lawa ayasebenza na? [Omunye uthi, “Angazi.”—Mhl.] *Leyi* ingcono na, kumbe *leyi*? *Leyi*? *Leyi*? [“Lawa amabili asemaceleni ayasebenza.”] Khona lapha, *lawa* amabili eceleni? [“*Leyi*, *leyi* la*leyi*.”] Kulungile.

⁷⁰ Angikwazi ukuthi baza thepha lokhu kumbe hatshi. Kungathi nje yisenzakalo esingakhangelelwanga lokhu kusa.

⁷¹ Kodwa lingakhohlwa khathesi, banini labangane benu bonke. Futhi ngi—ngifuna ukuthi liqiniseke, phose, lizame ukubuya emhlanganweni weSonto elandelayo.

⁷² Masinyane baza kube sebeqedile ibandla phandle lapha, ngithemba njalo. Futhi ngiza—ngizaphenduka-ke kulokhu,

ngitshumaye lezoMpawu eziyisiKhombisa, nxa kuyintando kaNkulunkulu, okuvela eMbhalweni lapha.

⁷³ Ebhukwini lamaHubo, isahluko 89, siqale ngendima 50. Lalelisani ekubalweni kweLizwi khathesi.

Khumbula, Nkosi, isigcono senceku zakho; ukuthi ngithwele kanjani esifubeni sami isigcono sabantu bonke abakhulu;

Lapho izitha zakho ezigcone ngalo, O Nkosi; lapho abagcone ngalo izinyathelo zogcotshiweyo wakho.

Kayibusiswe iNkosi kuze kube ninilanini. Amen, futhi Amen.

⁷⁴ Ngizathanda ukukhuluma lani okwesikhatshana mayelana... Ngifuna ukuthi likubhale lokho, kuqala, futhi likubale likuphinda phinda, kakuhle sibili. Mhlawumbe kuyadingakala ukuyibala futhi khona khathesi. Lalelisani khathesi. Bona?

Khumbula, Nkosi, isigcono senceku zakho; ukuthi ngithwele kanjani esifubeni sami isigcono sabantu bonke abakhulu;

Lapho khona izitha zakho zigcone ngalo, O Nkosi; lapho khona abagcone ngalo izinyathelo zogcotshiweyo wakho.

Kayibusiswe iNkosi kuze kube ninilanini. Amen, futhi Amen.

⁷⁵ KuFundisiseni, njengo Davida wakukhuluma. Ngifuna ukusebenzisa okwesifundo... kuyamangalisa, nxa isifundo seKhisimusi njalo; kodwa njengokuba ngitshumayelile ngeSonto edluleyo ngesifundo esimangalisayo. Ngiyakhohlwa ukuthi sasiyisiphi manje. Kwakuyi... [Umfowethu uthi, "UMhlaba UDazukana."—Mhl.] Uxolo? ["UMhlaba UDazukana."] Ukudazukana: UMhlaba UDazukana.

⁷⁶ Manje ngifuna ukusebenzisa okwesifundo, liSonto: *Isigcono Ngenxa YeLizwi*. Manje mangikuphinde njalo, kakuhle sibili. I... *Isigcono Ngenxa YeLizwi*.

⁷⁷ UNkulunkulu ulesikhathi, futhi lesizatho saleso sikhathi, ukugwalisisa aMazwi Akhe wonke. UNkulunkulu uyakwazi khona kanye lokho azakwenza. Thina asikwazi. Kufanele nje sikwamukele ngendlela Asipha ngayo. Kodwa, Uyazi, futhi akulanto ezahamba kubi ngalokho A—Akucebileyo ukukwenza. Konke kumele kuphume. Kumele kube khona, kwezinye izikhathi, izinto ezilukhuni lezinzima, ukuletha kuphela okuqotho, imvelo yeqiniso yento.

⁷⁸ Liyazi, izulu lizalelwa emahlikhlikini, lasemangelengeleni, umbane obanekayo, izibhakabhaka ezilomdumo. Futhi nxa sasingelazulu, sasingasoze siphile. Kodwa liyabona ukuthi

kuthathani ukuletha izulu? Umdumo, umbane, ukuphazima, ulaka. Futhi kulokho kubuya izulu.

⁷⁹ Imbewu kumele ife, ibole, yonakale, inuke, futhi ibuyele ethulwini lomhaba, ukuze ilethe impilo entsha.

⁸⁰ Kuthatha ukugigwa kwegolide, liphendulelwe lisaphendulelwa, emuva laphambili, futhi ligigwe kuze kuthi ingcekeza yonke ikhutshwe phandle kwalo. Hatshi ngoba liyacazimula, ngoba ingcekeza yensimbi, lokho okwazakala njenge golide lamanga kucazimula njenge golide loqobo. Kodwa, ungabeka okubili ndawonye. Ukufake eceleni elilodwa, uyathwala nzima ukukwehlukana. Kodwa kubeke ndawonye, ungenelisa ukukubona. Futhi logigayo kumele atshaye aze a—aze abone isifanekiso sakhe sitshengiswa egolideni.

⁸¹ Futhi uNkulunkulu ubeka isikhathi futhi ulesizatho ngento yonke Ayenzayo. Akulanto eyenzakala mahlayana kulabo abathanda iNkosi futhi bebiziwe ngokubiza Kwakhe. Bona? Simiselwe ngaphambili. Futhi yonke into isebenza kuhle nje, ngalokho, ngoba Angeke aqambe amanga. Futhi Wathi kunjalo, ukuthi into yonke isikhathi sayo, isikhathi sayo, futhi ilendlela yayo. Futhi uNkulunkulu ungemuva kohambo lonke. Futhi kwezinye izikhathi ucabanga ukuthi into zonke zihamba kubi. Kukithi. Lezo zinto zibekwa phezu kwethu, ukuvivinywa lokukhathazeka. Yikuhlolwa, ukubona ukuthi sizakwenza njani ngesenzakalo.

⁸² Kwesinye isikhathi esedlulayo, phezulu eVermont, UMfowethu Fred lami sahamba phetsheya ehlangothini lweNew York, phetsheya kweChibi iChamplain, futhi sasesifikile ehlangothini lweNew York. Futhi ngaya phezulu entabeni lapho leyo, phezulu eNtabeni iHurricane, lapho engangivame ukuzingela khona. Futhi lapho ngiyakhumbula lapho ngilahlekile, lokuthi uNkulunkulu wangikhokhela njani ukuphenduka, ngoMoya oNgcwele nje kuphela, phakathi kwesiphepho. Ukuthi, ngangizakube ngifile, ngabhubha, futhi kanjalo umkami loBilly, phansi esihonqweni esincinyane amamayila kude. Futhi ngaphendukiswa.

⁸³ Futhi kwakulongqoqwane omncinyane nje esedlula khona, ukuyangena esihonqweni, ekuqaleni kwentwasa. Futhi ngangimile lapho ngikhuluma loMfowethu Fred, futhi uMoya oNgcwele wathi, “Phuma ubewedwa.” Futhi ngaphuma phandle ngaya egangeni okwesikhatshana, indawo. Wangitshela, “Kulomjibila owubekelweyo. Nanzelela manje.” Kodwa Akazange angitshela ukuthi njani, kuyini. Ngaphenduka ngatshela uMfowethu Fred.

⁸⁴ Ngaya ebandleni ngalobo busuku esakhiweni, ngakumemezela ebantwini. Futhi ngobusuku obulandelayo kwenzakala. Futhi-ke ngimi lapho lapho Engitshela, kulabo

abahlekusulu, Wathi, “Kusezandleni zakho. Yenza ngabo. Loba yini okukhulumayo, kungenzakala khona khathesi.”

⁸⁵ Nanko ke. Lapho, omunye umuntu ongelanhlonipho, ongela bunkulunkulu, futhi babesenza inhlekisa futhi beseyisa umhlangano, ijaha lentombi. Futhi wayezama ukuhlambaza esenza ezothando laye esakhiweni; futhi bekhanga umuntu wonke, lapho ngizama ukutshumayela. Futhi wadonsa ikhanda lakhe emuva futhi wakhwela phezu komlenze wakhe, futhi aphosele ikhanda lakhe emuva futhi ezama ukumqabuja, futhi eqhubeka kanjalo emhlanganweni, ekhanga.

⁸⁶ Futhi uMoya oNgcwele wathi, “Manje u... Basezandleni zakho. Kuyini ozakwenza ngabo?”

⁸⁷ Kwaba lokuthula okungcwele. Umuntu wonke wahlala ethule njengofileyo. Futhi ngacabanga, “O Nkulunkulu, kuyini okufanele ngikwenze?”

⁸⁸ Khona-ke ngakhumbula, ngabe kwakungasi sixwayiso sikaMoya oNgcwele, insuku ezimbili ngaphambili. Ngathi, “Ngizalixolela.” Manje, lokho yikho ayefuna ukuthi ngikukhulume. Bona?

⁸⁹ Ngoba, emva kwakho konke, nga—ngangilecala, mhlawumbe kungasi kwalokho, kodwa ngilecala. “Futhi icala lokuncinyane ngelakhonke.”

⁹⁰ Ngakho ngathi, “Ngiyalixolela.” Futhi kulabofakazi abahlezi lapha khathesi, babelapho lesosikhathi. Khona-ke uMoya oNgcwele wasusehla.

⁹¹ Manje, liyabona, ngiyakholwa ukuthi izinto zonke lezi zazilomutsho. Kuyini ongakwenza ngamndla? Ungenza njani, bona, ukusabela kusenzakalo? Into ebuye njengesenzo, khona-ke usabela njani esenzakalweni leso? Liyakuzwisisa lokho engikutshoyo na? Kuyini ongakwenza? Futhi mhlawumbe konke lokhu kwasebenza saze safika lapha esikhona khathesi. Angikwazi. A—Angeke nje ngitsho. Kodwa kuhlezi kulendlela... .

⁹² Futhi khumbulani lokho, isigcono se—seLizwi si... ILizwi lihlezi lithwala isigcono. Kuzo zonke izikhathi, iLizwi likaNkulunkulu eligcotshiweyo lihlezi ligconiwane. Futhi yiso isizatho kunzima kakhulu ebantwini abangazwisisiyo, ukubakwazi ukwamukela leso sigcono.

⁹³ Lingakhumbula abafundi bebuyela emuva futhi bethokoza ngoba babona ukuthi babebalwe bengabangafanelanga ukumela isigcono seBizo Lakhe? Wathi, “Bonke abaphila ngobunkulunkulu kuKhristu bazakuzingelwa,” isigcono seLizwi.

⁹⁴ Kumele uhlale umela isigcono lesi ukuze unike ukulingwa kwakho, ukubona. Wonke umuntu obuya kuKhristu kumele aqale afundiswe okobuntwana okwe—okwenjongo uNkulunkulu

akugcobele yona. Futhi khumbula, nxa ungathula nje kuphela! Khumbula, nxa Ekubizele lokhu, akulanto engakumisa ukuthi kwenzakale. Akula bodeveli abeneleyo ekuhlukuluzweni, kodwa lokho ukuthi iLizwi likaNkulunkulu lizakubonakaliswa. Uzalelwe injongo, futhi akulamuntu ongathatha indawo yakho. Ungaba labalingiseli lakho konke okunye, kodwa abasoze bathathe indawo yakho. Kunjalo. ILizwi likaNkulunkulu lizakunqoba. Angeke lehluleke. Nanko lapho umKhristu wonke afanele ame khona, esazi lokho—lokho. Futhi ukulingwa kuzabuya, futhi kubonakale indlela yonke, kuwe. Kodwa khumbula, uNkulunkulu ulenjongo, futhi konke kuzasebenza kuhle.

⁹⁵ Manje asibuyeleni emuva nje i—izenzakalo ezinlutshwane zeLizwi likaNkulunkulu zigewaliseka, futhi lalabo abathwala iLizwi esikhathini sabo.

⁹⁶ Nge—ngezwa ngiseMoyeni, kungasi kude, ukuthi omunye umuntu wayengichotoza. Kungabe kusezweni lethephu. Ngokuhlala ngikhombela kanengi sibili, buyela uyedobha amabizo aseBhayibhili kulokhu engikukhulumayo. Awu, ngenzela lokho isizatho. IBhayibhili lathi izinto lezi zilotshiwe ukuthi singakhangela kizo. Futhi yiyo indlela kuphela, kungela mfundo, indlela kuphela engingayenza, yikukhombela emuva futhi ngithi, “Uyabona lapho *lokhu* okuma khona, kwenzakalani ngakho, lapho *lokhu* okwathathindawo.” Bona? Futhi—ke uzibeke phakathi lapho.

⁹⁷ Njengoba ngangitshumayela, kungasi kude, ngomfana omncinyane phandle emkhumbini, liyazi, futhi—futhi ukaputeni omdala wayesifa. Wayegula. Futhi wabuza ukuba kwakungela Bhayibhili emkhumbini. Futhi babamba umfana omncane owayeleBhayibhili, futhi wabuya wabala uIsaya 53:5. “Walinyazelwa impambeko zethu, wachotshozelwa ububi bethu.” Futhi wathi, “Makuthi i . . . Makengikutshele, kaputeni, ukuthi umama wami wayevame ukulibala njani.” Wathi, “Nansi indlela ayibhala ngayo. ‘Walinyazelwa ububi bukaWilly Pruitt. Futhi wachotshozelwa uWilly Pruitt. Futhi izinto zonke lezo Azenziwayo, zazingezika Willy Pruitt.’” Lelo kwakulibizo lakhe.

Induna endala yathi, “Ngiyakuthanda lokho. Ungabala ibizo lami phakathi kwakho?”

⁹⁸ Wathi, “Ngizazama.” Futhi wathi, “Walinyazelwa impambeko zikaJohn Quatz. Wachotshozelwa ububi bukaJohn Quatz. Futhi ngamanxeba Akhe uJohn Quartz walisilisa.”

Wathi, “Ngiyakubona.” Futhi iNkosi yamsilisa. Bona?

